# *Zonke Izinto*

Ningahlala phansi. Ngilalele nje lelo culo elidala, *Kholwa Kuphela*, lithi ukungishukumisa. Bese kuthi-ke ngingene, futhi ngibe nokwemukelwa okunjalo, uzizwela sengathi uthatha indawo yakho eyiyonayona. Awu, ngi—ngiyajabula ukuba ngumalusi ozihlanganisa neLife Tabernekele. Ngiyalithanda lelogama "ukuPhila." Ngikhulume ngakho kulokhu ukusa, "Isiqiniseko sokuPhila." Futhi ngethemba ukuthi wonke umuntu unepholisi, ngoba siyayidinga ngempela, sifanele sibe nayo ukuze sibe nesiqiniseko.

2 Manje, ngicabanga ukuthi bamemezele ukuthi kuzoba nenkonzo yombhaphathizo esikhashaneni nje, futhi ngakho sibheke ngabomvu kulesosikhathi salenkonzo yombhaphathizo. Futhi sizozama ukuzikhulula ngokushesha nje esingakwenza. Ngi. . .ngikhathele kancane, futhi ngifika kusenesikhathi. UBilly ungishayele ucingo wayesethi, "Ngifuna ufike ngaphambi kwesikhathi kulobubusuku," uthe "bazohamba-. . . bafuna ukhiphe kuse-eli."

3 Ngathi, "Yini kuse-eli na?" Futhi selokhu ngaphuma esikhathini ngangena ePhakadeni, ngani, angisenaso esinye isikhathi. Angazi nje ukuthi sikhathi sini. Asisasikali, Jim. Sivele sisiyeke.

4 Jim, unamateyipu emuva lapho, ngiyacabanga. Ngiqagele asemenyezelwe emsamo lapha. Futhi angazi ukuthi abantu bawabekezelela kanjani, kodwa azungeza umhlaba wonke. Futhi asemuva lapho, amakhulu emilayezo eyahlukene evela ezingxenyeni ezehlukene, imigqa yemikhuleko.

5 Futhi ngakho, lomfana lapha, umkhwe wakhe kanye nabo, kukhona i. . . bane. . . imishini e, hamba njalo njalo, cishe impela imini nobusuku, iwenza. Futhi thina nje, bawathengisa nje ngale kwenzuzo, abasakwazi nje neze nokuphila, ngokuwathengisa. Futhi ngakho, uma niwafuna, alapho, kanye nezincwadi nokunye nokunye, nezincwadi ezifundwayo zasetabernakele lapha. Futhi ngakho si. . .

6 Ngihlangana nabantu ngaso sonke isikhathi, athi, "Mina, uyazi, bengidlala iteyipu ethize: Ngasindiswa." "Ngi. . . " Izinto ezithize ezibe yisibusiso kubantu, futhi yingakho siwadedela aphume, yingoba abusisa omunye futhi asize omunye.

7 Manje, ngifuna ukufunda umBhalo, kulobubusuku, otholakala kwabaseRoma 8:32, futhi sizokwehla ngqo ukuthi sikhulume nje, emizuzwini embalwa. 8. . .KwabaseRoma 8:32 ufundeka kanje:

*Yena ongayigodlanga eyakhe iNdodana, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, akayikusinika kanjani konke kanye nayo na?*

Bengikhuluma kulokhu ukusa ngesiqiniseko, futhi manje, kulobubusuku, noma, ekutshalweni kwezimali, njalo, futhi kulobubusuku: "Usinika Zonke Izinto."

Manje, asikhuleke.

8 Manje, Nkosi, sibuthene lapha kungekho esinye isizathu ngaphandle kokuba sikhulume ngaWe, sicule ngaWe, sifakaze ngaWe, futhi silethe inkazimulo nodumo eGameni laKho.

9 Futhi siyakhuleka ukuthi Uzobusisa ukuhlangana kwethu ndawonye, ukuthi uBukhona baKho obukhulu buzofika, futhi buzosihlinzekela konke uNkulunkulu akudinga kithi kulobubusuku.

10 Futhi isicelo sethu siphambi kwaKhe sokuhamba okuseduze, insindiso eyengeziwe, izipiliyoni ezinkulu ngokwedlulele, ukuphulukiswa komzimba, nezinto eziningi kakhulu, Nkosi. Wena uyakwazi konke.

11 Futhi uma kuke kufike emiqondweni yethu, ukuba-ke besingenaye uBaba waseZulwini ebesingeza kuye na? Ukuba-ke besingenandawo yokuzithulula, ukuba besingenasithiyo zesono, o, besingaba abantu abalusizi kanjani.

12 Kodwa sijabula kakhulu, Nkosi, ukuthi sinoYedwa, onomusa, futhi ogcwele uthando, ethumela izibusiso zaKhe kithi. Siyabonga ngabo, Nkosi. Nakuba singahle singakuvezi kahle nje, kodwa Uyazazi izinhliziyo zethu, Nkosi.

13 Futhi ngikhulekela ukuthi sizothola umusa emehlweni aKho, kulobubusuku, ekuculeni kwethu, ekukhonzeni kwethu, esimweni sethu sengqondo ekushumayeleni, ukuze Usiphe, kulobubusuku, zonke izicelo zethu, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

14 Manje, kusasa ekuseni, uSonto sikole, futhi kusasa ebusuku, ukuvalwa kwe (ngicabanga ukuthi imvuselelo?) ijubili. Hhayi . . . Ngethemba ukuthi akukhona ukuvalwa kwemvuselelo, kodwa ukuvalwa nje kwalombuthano jikelele. Bese kuthi-ke ngethemba ukuthi imvuselelo iyaqhubeka nokuqhubeka futhi iqhubeke.

15 Manje, uma nizonginaka ngokuphelele, okwemizuzwana embalwa nje, futhi ngizozama ukukhuluma ngendaba ethi *Zonke Izinto*. Futhi ngikufundisa kakhulu noma kancane njengekilasi likaSonto sikole, ngoba ngi . . . Niyazi manje ukuthi angisiyena umshumayeli. Ngakho kufanele nje ngenze okusemandleni ami njengokugwaza eZwini. Kodwa ngiyakwenza, futhi angikugwazi, ncamashi, ngize ngikholwe, futhi ngikholwe ngokuqinile, ukuthi ngiyazi engikhuluma ngakho, ngokuba nginesipiliyoni salokhu engikhuluma ngakho. UJesu wathi, "Siyakwazi esikukholwayo." Sinesipiliyoni.

16 Ngicabangile kulokhu ukusa ukuthi umpristi omncane ongumGreki obenathi esidlweni sasekuseni senhlanganyelo, isimilo esincane esimangalisayo kangaka, nokuthi ufuna isipiliyoni esijulile.

17 Nginomunye umpristi omncane ongumGreki owaholelwa kuKristu ngamateyipu. Ubaba wakhe unguthisha womthetho wesiGreki, indoda ehlonishwa kakhulu eGreece. Weza ngapha ukuzoqedela imfundo yakhe, wabamba enye yamateyipu. Futhi us-. . .ekuqaleni wakugxeka. Wabe-ke eseza, futhi wabhaphathizwa, futhi wemukela uMoya oNgcwele.

18 Wayesethi, "Mfowethu Branham, ngiyazi ukuthi awusazi isiGreki, ngoba ngiyaqonda ukuthi awusazi kahle isiNgisi." Kodwa wathi, "Uma noma ubani owazi ngempela isiGreki . . . " futhi uyisifundiswa sesiGreki, wathi, " . . . ukuqhubeka kwenkulumo yakho neGreece kuphelele ngokoqobo, ukuhlanganisa imiBhalo ndawonye." Yingakho waphinde wabhaphathizwa. E-hhe. Niyabo? Futhi wathi, "Kuyi—yi—yisenzakalo esibizekayo. Nokwazi nje ukuthi awukwazi, kodwa lapho uhlanganisa khona imiBhalo yakho, ukuqhubeka kwemiBhalo yakho kuhambisana nesiGreki."

Ngakho ngicabanga ukuthi ngizomenza akhuphuke futhi azobona lo mfowethu isikhashana. Ubeyoba usizo olukhulu kuye. Futhi manje, sikhulekeleni.

19 Zonke izinto, asikwazi ukukhuluma ngazo zonke izinto, kodwa zonke izinto zingezethu ngoKristu. Futhi uma Engazange ayigodle iNdodana yaKhe uqobo ukuletha lokhu kithi, Uyokuletha kakhulu kangakanani uma E. . .uma sivuma ukukwemukela. Manje, angikwazi ukukhuluma ngazo zonke izinto, kodwa ngi—ngifuna ukukhuluma ngento Eyodwa ethize yalezi zinto zonke. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuyinto ebalulekile. Lokho ngukuthi, *kuxolelwe*. Ngiyalithanda lelo gama, *kuxolelwe*. Empeleni igama lisho, "ukukhululwa ecaleni."

20 Futhi yeka isehlakalo okuyiso lokho, kuwo wonke umuntu oke waba nesehlakalo sakho, ukukhululwa ecaleni.

21 Hhayi ukuzama ukufulathela ngolunye uhlobo lwesayense yengqondo, ufulathela; kodwa uxolelwe. Lokho kusho ukuthi kulahliwe. Akusekho lutho kukho. Sekukhohlwakele. Ukufulathela noma yini, ungabuyela kuyo. Njengezono ngesinye isikhathi zazisibekelwe. Kodwa manje azisasibekelwe, zihlukanisiwe. Azisekho ngokuphelele, zafakwa olwandle lokukhohlwa ukuze zingabe zisakhunjulwa nhlobo. Ngiyakuthanda lokho.

22 Ngiyazi amahlaya awafanele epulpiti, futhi ikakhulukazi embuthanweni wePentecostal. Kodwa ukuze ngiveze iphuzu, ngatshelwa ngesinye isikhathi ukuthi inenekazi elalinoyise owayelokhu ekhala izinyembezi njalo futhi ememeza lapho

efunda eBhayibhelini ngokuxolelwa izono zakhe . . . Ngakhoke intombazane encane yashada, yathuthela edolobheni, futhi ingeyo—yohlobo lwebandla eligcina umthetho elinezinhlangano zemiphakathi eziningi. Futhi—futhi inhlangano yomphakathi yamanenekazi yayizobungazwa endlini yakhe. Futhi yayizibuza ukuthi yayizomgcina kanjani ubabayi wayo ethule ngalesi sikhathi, ngoba wayeba namadlingozi ngempela.

23 Ngakho wathi, "Awu, uma ngimnika iBhayibheli, uzokhala futhi amemeze ngaso sonke isikhathi. Ngakho yinye kuphela into engiyaziyo ukuba ngiyenze. Ngizovele ngimnike eyo*Mumo womhlaba* bese ngimbeka phezulu ekamelweni elisophahleni, ngimyeke nje abuke izithombe."

24 Futhi cishe ngesikhathi sebelungele ukunikeza itiye labo elibomvana, kumbe noma yini abayenzayo, niyazi, kwaba khona isiyaluyalu esibi kakhulu esitezi esiphezulu, eklabalasa, futhi egxuma, futhi ezigingqa, futhi egxuma phansi naphezulu, futhi eklabalasa, "Haleluya! Haleluya!"

25 Bonke abesifazane besaba, base begijimela esitezi esiphezulu, futhi yahluthula eyo*Mumo womhlaba* esandleni sakhe, yayisithi, "Babayi, lelo akusilo iBhayibheli. Ngeyo*Mumo womhlaba* leyo."

26 Wathi, "Ngiyakwazi," kodwa wathi, "ngolunye usuku ngangifunda eBhayibhelini lapho izono zami, sezixolelwe, zafakwa olwandle lokukhohlwa, (Niyabo?), zambelwa olwandle. Futhi ngibona lapha kweyo*Mumo womhlaba* lapho ulwandle lujule kakhulu, baze bangakutholi ngisho iphansi lalo ngesinye isikhathi." Wathi, "Basaqhubeka futhi beqhubeka."

27 Ngakho ngicabanga ukuthi yilokho okushiwo *ukuxolelwa*, ukuthi "kusulwe ngokuphelele," hhayi nje ukuchezuka futhi uzame okuthize, kodwa kusuliwe, sekuhambile. Hhayi ukuchezulwa, kodwa sekube . . . siye, ngokuxolela, sikhululiwe, hhayi ngesayense ephathelene nengqondo. Asikhululwa yisivumokholo. Asikhululwa ngamadlingozi. Kodwa sikhululiwe ngamandla aseKalvari. Sixolelwe, sikhululekile. O, kusho ukuthini ukukhululeka, umthwalo usukile emahlombe akho, usukile enhliziyweni yakho, umuntu okhululekile.

28 Ngaba nesehlakalo esincane ngolunye usuku. Ngiqagele angifanele ukukusho lapha, kodwa ngifuna ukukusho. Ngibe ngaphansi komthwalo omkhulu iminyaka emihlanu manje, njengoba nina bantu lapha nazi ngakho, kuhulumeni wobumbano. Futhi babezama ukuthola indlela ethize yokungibopha. Emihlanganweni kuleminyaka eyishumi nesithupha ensimini, babelandele emuva futhi bacosha amasheke abantu ababewenze kimi mathupha emihlanganweni, futhi enegama lami kuwo, futhi mina ngiwasayina, ngawafaka eTabernakele ukwenzela izindleko.

29 Futhi umqoqi wentela kahulumeni wobumbano wathi lawo masheke kwakungawami mathupha, akunandaba ukuthi ngenzeni ngawo, uma . . . Njengokuthi, omunye umfowethu wasayina isheke efasiteleni lezinkulungwane ezingaka zamadola zohambo lwapheseya kolwandle. Wase-ke elisayina, wavele wakhokha kusukela enhlanganweni yakhe liya kwi-oda kaWilliam Branham; ngalisayina, ngase ngilifaka eNhlanganweni yeTabernakele. Saligcina lonke isheke, yonke into, salibuyisa.

Wathi, "Kodwa ngenkathi ulisayina, bekungelakho. Wase ulifaka eTabernakele." Ayikho indlela yokukuhlula. Yilokho kuphela.

30 Ngakho, o, he, phezu kwamalahle nasemuva naphambili. Futhi bathi bazongenza, ukuthi ngangibakweleta ngobuhlongandlebe, nangayo yonke imihlangano yami, izinkulungwane ezingamakhulu amathathu namadola a*thize*.

31 Ngathi, "Ngingayikhokha ngedola ngonyaka. Ngethemba ukuthi ngizophila isikhathi eside ngokwanele ukuze ngikwazi ukukwenza." Futhi . . . Kodwa ngakwenqaba. Ngathi, "Ngiyazikhokha izintela zami. Ngi . . . " Kodwa nakho la kukhona.

Bathi, "Ukweleta lokho futhi."

32 Awu, phansi naphezulu, futhi sekuyiminyaka befuna isimilo. Futhi ngikusho lokhu iBhayibheli lami livuliwe, amadoda ehlezi ekhona owayelapho futhi ayakwazi, ukuthi abakaze bathole nesenti engizisebenzisele mina, kuphela uMbuso kaNkulunkulu. Kunjalo.

33 Ngakho ummeli wangibiza ngolunye usuku, wayesethi, "Mfowethu Branham, uhulumeni usulungele ukuxegisa," emva kweminyaka emihlanu. Ngangine-Ice and Miller e-Indianapolis eyaphakanyiswa kimi nguMfowethu Arganbright. Angikwazanga ukushiya isifu- . . . isizwe. Ngangingaphansi kokulawulwa nguhulumeni, icala likahulumeni wobumbano.

Futhi ngacabanga, "He, ngenzeni na?"

Futhi bathi, "Awu, yilokhu okwenzile. Bekufanele wazi kangcono."

34 Kwakungesikho ukukhwabanisela, ngoba ngangikufake ebandleni, njengoba nje abantu bebezokwenza isheke, bebengeke bazi ukulifaka enhlanganweni, bavele balikhipha, "William Branham."

35 Awu, lapho lelo lidlula endlini yokushintsha, kunekhophi eyenziwe yalo. Ngakho babenawo onke. Kodwa babonile lapho engawafaka khona emuva lapha eTabernakele likaBranham ukukhokha izindleko, nokunye nokunye, nomhlangano wapheseya kwezilwandle. Awu, emuva naphambili . . .

Wayesethi-ke, "U—unga . . . Bafuna ukuxegisa nawe."

Ngase ngithi, “Awu, a—angiyikweleti.”

36 Wathi, “Awu, manje nakhu okuyikho, Mfowethu Branham.” Wathi, “Ngikholwa ukuthi unethuba elingamaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye uma bekubizela enkantolo.” Washo lokho, “Ngeke bakubeke icala, kodwa bazama ukukubizela enkantolo ukuba usho ukuthi uyayikweleta. Futhi lapho benza, bazoba nethuba cishe eliyiphesenti elilodwa kulokho abakushoyo, ukuthi igama lakho lalikulo, futhi ukugunyazile. Ngakho-ke, kwakuyimpahla yakho, wase-ke ulijikisela eTabernakele.” Wathi, “Bangathola icala ngawe.”

37 Futhi onke afakiwe, ayefakiwe ebandleni, nokunye nokunye, esasilisebenzisa njengenhlangano engenzi nzuzo. Emuva naphambili. UMfowethu Gordon Lindsay, lapha kulokhu ukusa, uyenyuka futhi wangilwela, futhi—futhi wonke umuntu wakuzama. Kodwa ayikho indlela yokukwenza. Bavele bakubamba phansi.

Futhi wathi, “Nansi into eyodwa, Mfowethu Branham.” Khona-ke lapho engitshela ukuthi kuzodingekani ukuze ngixegise, kwangethusela ukufa.

Ngase ngithi, “Angikwazanga ukwenza lokho. Ayikho indlela yokuthi ngikwenze.

38 Wayesethi, “Awu, manje nansi into eyodwa.” Wathi, “Singalithatha icala, futhi singabameli bakho. Kodwa uma siya lapho, futhi sinecala, kukhona ithuba lokuthi singabatshela ukuthi lezi kwakuyizipho ezingacelwanga futhi zazingakhokhiswa intela. Bese ke uthola intela yefa. Futhi lapho lingase lidonse eminye iminyaka emine noma emihlanu.”

39 Ngase ngithi, “O, he.” Ngathi, “Angikufuni lokho. ngimayelana . . . ” Ngathi, “Futhi angizange ngibe nezinwele ezimpunga ngenkathi lento iqala.” Ngase ngithi, “Umcabango nje wokuzama ukungibeka icala, njengokungathi ngiyisigebengu noma isela . . . ” Ngase ngithi, “Kwenzeka kanjani ukuthi bangathatha umfundisi, ozama ukushumayela iVangeli, futhi wafakazisa ukusebenzisa imali enzela uMbuso kaNkulunkulu ukuphendula izigebengu, nokunye nokunye, futhi enze lena indawo engcono yokuhlala, futhi afune wena wenze lokho, lapho izinkampani zikagwayi, newiski, netelevishini enenhlamba nakho konke okunye, bafake umdlavuza kuwe ovela ekubhemeni nakho konke okunye kanjalo, futhi bangakusula, lesosikhangiso, ngentela yabo kuhulumeni na? Akunabulungiswa neze.” Ngathi, “Akunabulungiswa. Aningiphathi ngobulungiswa.”

Wathi, “Lokho kungokwahulumeni ukuba athathe isinqumo.”

Ngase ngithi, “UNkulunkulu uzokwenza isinqumo sokugcina. Lokho kuyiqiniso.” Ngakho ngabambelela.

40 Kwase kuthi-ke u—ummeli wathi, “Nakhu okuyikho, Mnu. Branham.” Futhi ngabonga kakhulu ngalokho. Wathi, “Kukhona, asikwazi ukuthola neyodwa into ephambene egameni lakho. Kodwa uma beke bakubizela ekuthethweni kwecala, futhi ungumfundisi nodumo lwakho, bayolisulela ngodaka esizweni sonke, beya ekuthethweni kwecala.”

“Futhi kwenzakalani-ke na?”

Wathi, “Akunandaba ukuthi ufakaziswe umsulwa kangakanani, phakathi kwabantu abaningi usazoba necala.”

41 Njengalowomfowethu oyiBaptisti othandekayo ezansi lapha esikhathini esingeside esedlule, ukuthi owesifazane wathi ungena endlini yakhe futhi wamthuka. Nizwile ngakho. Kungapha ndawo ndawo eningizimu, futhi cishe eminyakeni emithathu edlule, noma mhlawumbe kungekude kangako. Futhi lowomfundisi wafakazisa nebandla lakhe ukuthi wayeqhele ngamamayela ayikhulu namashumi amahlanu ezinsukwini ngaphambilini, nangosuku olufanayo, nezinsuku eziningi emva kwalokho. Ngisho nezinkantolo bezifuna ukujika zibuze umfundisi ukuthi uyafuna yini . . . ubefuna uku . . . ubefuna ukumangalela lona wesifazane ngokunyundela igama lomfundisi.

Wathi, “Myekeni ahambe.”

42 Futhi ngabe nilibonile lelovoti elidumile ezweni lonke na? Masinya balisakaza igama lakhe owesilisa yonke indawo, nabantu bathi, amaphesenti angamashumi ayisikhombisa amaMelikana athi, “O, lapho okunomusi khona, kukhona umlilo.” Manje, lowomfowethu oyigugu uzodingeka ahlale ngaphansi kwalokho zonke izinsuku zakhe, lapho emsulwa njenganoma ubani lapha. Awu, nakho lapho okhona.

43 Futhi, awu, wangitshela, wathi, “Kuzothatha imali eningi ukukwenza.” Futhi ngangingenawo kodwa cishe amadola angamashumi ayisikhombisa nanhlanu, futhi wayefuna izinkulungwane ezingamashumi amane, akhokhe izimali zabameli nohulumeni.

Ngathi, “Ngenzeni na?” Ngaya ekhaya.

44 Ngathi kuMeda, umkami, “Geza ubuso babantwana, ulungise izingubo zabo. Ngizoba wuzulane impilo yami yonke.” Ngathi, “Ngeke ngikwenze. Yilokho kuphela okukhona kukho. Uma bengiyikweleta, bengiyojuluka ukuze ngiyikhokhe. Kodwa angiyikweleti, futhi ngeke bathi ngiyayikweleta. Abakwazi ukukufakazela. Sebebe neminyaka emihlanu ukuba bakwenze, kodwa abakwazi ukukwenza.”

45 Ungowesifazane ozothile kakhulu. Walinda isikhashana, futhi weza wabeka ingalo yakhe ehlombe lami. Wathi, “Manje, umzuzu nje.” Wathi, “Kodwa khumbula, Bill. Uma bona . . . uma

ugijima, igwala lelo." Futhi wathi, "Basazoqhubeka bakubambe ngakho." Futhi wathi, "Yinye kuphela into: ukubhekana nakho."

Ngase ngingena endlini yokuphumula ngase ngithi, "Nkosi, ngifanele ngenzeni na? Nginike umBhalo."

Nakhu okuza kimi: Ngesinye isikhathi baMbuza, "Ingabe kulungile thina baJuda esikhululekile ukuthela kuKesari na?"

Wacosha upeni wathi, "Ngokabani umbhalo kuwo na?"

Wathi, "OkaKesari."

Wathi, "Khona-ke nika uKesari okukaKesari; okukaNkulunkulu, okunguNkulunkulu."

46 Ngase-ke ngibona lapho ngolunye usuku Athi kuPetru, "Masingabakhubekisi. Uyazi, unehhuku lenhlanzi ephaketheni lakho oliphathayo ngaso sonke isikhathi, isikhumbuzo nje sokuthi wake waba umdobi. Nginebhange ezansi laphaya enhlanzini." Niyazi, Ungumnikazi wayo yonke into noma kanjani. Ngakho Wathi, "Basanda kudiphozitha esikhashaneni esedlule. Yehlela lapho futhi uphonse ihhuku, futhi inhlanzi yokuqala oyikhiphayo, vula umlomo wayo, futhi ibhange lizokhokha. Futhi uyehlisele lapho futhi ubanike yona wenzela Mina nawe, ukuze singabakhubekisi."

Ngathi, "Nkulunkulu, Usenayo inhlanzi."

47 Angazi ukuthi ngizokwenza kanjani, kodwa umfowethu ohlezi khona lapha, kuye enothini kami. Ngehla futhi ngaboleka izinkulungwane ezingamashumi amane zamadola, ngokuqonda ukuthi ngizoyibuyisela emuva eminyakeni eyishumi, izinkulungwane ezine ngonyaka. Angazi ukuthi kwenziwa kanjani, kodwa Usenayo inhlanzi. Futhi ngi—ngi . . . Une . . . Konke kungokwaKhe.

48 Ngaya ekhaya, futhi ngabhala, ngemva kokubhala isheke, futhi ngabhala lapho, "Kukhokhelwe ngokugcwele kuzo zonke izintela ezibuyayo." Futhi ngacabanga, "Uhulumeni angakwamukela kanjalo na?" Futhi ngaphambi nje kokuba ngehlele lapha, ngicabange ukuthi kungcono ngishayele ibhange.

Ngashayela ibhange, futhi uthela wangena futhi wabheka. Wathi, "Yebo, bakwemukele, Billy. Ukhululekile. Uxolelwe."

49 O, he. Kukhona okugijima phezu kwami. Ngagijima ngangena ekamelweni ngibambe umkami entanyeni. Ngathi, "S'thandwa, ngixolelwe. Ngikhululekile. I-akhawunti endala isixazululiwe. Sengingaya noma yikuphi lapho engifuna ukuya khona, nomaphi lapho iNkosi engiholela khona. Ngikhululekile. O, into enjani ukuxolelwa, into ethize engingakwazanga ukuyisiza."

50 Kanti futhi izono zami kwakuyinto ethize engangingenakuyibamba. Ngazalwa nginemvelo ka-Adamu

kimi, kodwa Othile wangixolela. Bahlikihla basula i-akhawunti endala ngolunye usuku, futhi ngakhululeka kusukela ngalolo suku kuqhubeke. Ngijabule kakhulu.

51 Ngenkathi umuntu ona weqa umhosha omkhulu, noma umhosha, njalo, phakathi kwakhe noNkulunkulu. Wazehlukanisa noNkulunkulu, futhi yayingasekho indlela yakhe yokuba ake aphinde abuye. Wayesewele umhosha ngokuphelele ukusuka kuNkulunkulu engenandlela nhlobo yokubuya. UNkulunkulu, ecebile ngesihawu, emangalisa emseni, wemukela isibambiso sakhe, wamyeka wenza isibambiso, umnikelo wesilwane ukuthatha indawo yakhe.

52 Igazi laliwukuphela kwento eyayingakhokha inani. Kwakungekho okunye okwakungakhokha inani. Akukho okunye obekungakwenza *ngaleso sikhathi*, futhi akukho okunye okwenzile kusukela *ngaleso sikhathi*, futhi akukho okunye okuzokwenziwa *kamuva*: IGazi futhi iGazi kuphela.

53 Isinqumo sikaNkulunkulu sokuqala sasiwukuxolela umuntu ngokuchithwa kwegazi, futhi uNkulunkulu akanakwenza isinqumo sesibili ngokumelene nesinqumo saKhe sokuqala. Uma Enza, khona-ke isinqumo saKhe sokuqala sasingalungile, futhi Wayengeke abe nephutha futhi abe nguNkulunkulu. Ngakho-ke, Unendlela eyodwa kuphela, futhi leyo yindlela yeGazi. Izinqumo zaKhe ziphelele futhi ziyiPhakade, ngenxa yokuthi unguNkulunkulu. NeZwi laKhe liPhakade, nezinqumo zaKhe ziyiZwi laKhe, futhi Liphelele. Ungeke wengeze lutho kuLo noma ususe noma yini kuLo.

54 Kusukela ngaleso sikhathi, leyo bekuwukuphela kwendawo kaNkulunkulu yenhlanganyelo ukuhlangana nomuntu. Ngaphambili lapho, Wahlangana naye ensimini yase-Edene. Kwakungadingeki igazi. Kodwa kusukela ngalesosikhathi, isinqumo saKhe sasiwukuhlangana nomuntu abuye, esihlengwe ngeGazi. Bekuyiyona ndawo kuphela inhlanganyelo ebingabonwa khona nguNkulunkulu. Yindawo kuphela lapho uNkulunkulu angahlangana khona nesoni, futhi sonke siyizoni ngokwemvelo. Kuthatha umhlatshelo weGazi ukusibuyisela enhlanganyelweni noKristu futhi, ayikho enye indlela, ngokuphelele ngokoqobo.

55 Kusukela ku-Adamu kuze kube manje, umuntu uye wazama ukwenza isibambiso sakhe uqobo. Umuntu ubezama njalo njalo ukukwenza, kusukela eqabungeni lomkhiwane kuya emfundweni. Uzamile ukuzenzela isibambiso. U-Adamu wezwakalisa okwakukumuntu, ngenkathi ezama ukwenza eyakhe indlela ebuyela emuva ngamahlamvu omkhiwane. Kusukela lapho, bakha imibhoshongo, bakha imizi, bakha izithixo, bakha impucuko, bakha ihlelo, bakha imibuso yesayense, nazo zonke lezizinto, kodwa noma kunjalo kusalokhu kufana: yiGazi kuphela uNkulunkulu ayolemukela.

56 UNkulunkulu wemukela umuntu kuphela ngeGazi elichithiwe. Indawo kuphela yenhlanganyelo, indlela kuphela yokuwela lowomhosha, akusikho ngenhlangano yezenkolo, hhayi ngezithixo, hhayi ngemibhoshongo, hhayi ngezindawo ezingcwele, hhayi ngemizi, hhayi nganoma yini enye kodwa iGazi elichithiwe. Futhi yileyo kuphela indlela yokubuya.

57 Intshumayelo yesiphambano, nakuba injalo, idelelekile njengoba injalo, iyindlela kaNkulunkulu ehlinzekelwe izoni ukuba zize futhi zihlanganyele noNkulunkulu noma omunye nomunye. Kulungile.

58 Kuyo yonke iminyaka, olungileyo uye waphila ngaleso sinqumo sikaNkulunkulu. Olungileyo akalokothi aphikisani ngalutho. Abalungile bakulungele ukwamukela isinqumo sikaNkulunkulu. Akafuni ukuzenzela lutho. Ukakhathalele uNkulunkulu kuphela, futhi ufuna ukuhambisana nesinqumo sikaNkulunkulu. Futhi abalungileyo baphila ngaso, bahlale benakho, ngokuba yindlela olungileyo okufanele aphile ngayo. Ukuzama ukwenza noma yini kukho, ukujovela noma yini kukho, kungaba ukungalungi, ngoba bekuyoba ngokuphambene nohlelo uNkulunkulu asendlalele lona ukuba sihlanganyele ngalo: kungeGazi elichithiwe.

59 UJobe, ukhokho, ukuthi kanjani uJobe . . . Ngikholwa ukuthi iNcwadi kaJobe yalotshwa ngaphambi kokuba uMose alobe uGenesisi, ukuqonda kwami, incwadi endala kunazo zonke eBhayibhelini. UJobe, ngenkathi emukela igazi, futhi nakuba, ngenkathi omakhelwane bakhe, namalungu ebandla lakhe ezama ukumlahla ngecala, futhi ethi wone ngasese, nokho uJobe wayazi ukuthi wayemi eqinile, ngoba wayenze lokho uJehova ayedinga ukuba kwenziwe. Wayazi ukuthi wayenikele ngomhlatshelo wakhe ngobuqotho benhliziyo yakhe.

60 U-Abrahama naye wakhonza ngaphansi kwegazi. Okuwukuphela kwendawo ka-Israyeli yokuhlangana noNkulunkulu yayingaphansi kwegazi elichithiwe. Ayikho enye indawo eyayingenziwa. Umkhuleko wawunikelwa, ukubonga kunikezwa, noma yini, kwakungaphansi kwegazi elichithiwe lesilwane. Indawo kuphela lapho ukuhlengwa okungafika khona, noma kuke kudonselwe enhlanganyelweni noNkulunkulu, kungeGazi elichithiwe.

61 Ngiyakhumbula ngishumayela ngalokho, ngobunye ubusuku, endaweni ka-Oral Roberts. Norab, urabi ongumJuda, ngashumayela ngemivimbo eyisikhombisa yethokazi elibomvu, futhi kwammangaza, futhi uyafika, ekhuluma ngakho. Qaphelani. Lapho isoni sifika etabernakele, leyomivimbo eyisikhombisa yegazi yayimelela ukuthi kumele sazi ukuthi kukhona okufile futhi kwaqhubeka phambi kwaso ukulungisa indlela.

62 Futhi umuntu oyoke abe nenhlanganyelo noNkulunkulu ufanele aqonde iGazi likaJesu Kristu, azi ukuthi Wafa ukwenza inhlawulo yezono zakhe, ukwenza indlela yokungena enhlanganyelweni noNkulunkulu futhi. Ufanele akuqonde; ufanele.

63 UNkulunkulu wahlangana nomuntu phansi kweGazi elichithiwe futhi akukho kwenye indawo. Akunandaba ukuthi sizama kangakanani ukukwenza, "Awu, ngingowenye *into ethize*, nenye *into ethize*," lokho ngukuthi . . . lokho ngeke kusebenze. YiGazi elichithiweyo kuphela, uNkulunkulu ahlangana nalo nesikhonzi.

64 UNkulunkulu, egcwele isihawu nomusa, lapho umuntu onile, njengoba ngishilo, wathatha isibambiso, isilwane. Ake sicabange umzuzu nje. Ake sicabange ngomJuda oqotho ngempela emuva eTestamenteni eLidala. Uyabona ukuthi usephumile enhlanganyelweni inqobo nje uma kungekho gazi lakhe. Manje, uthatha esihle ngempela isilwane esikhethiwe emhlambini wakhe. Kufanele kube isilwane esihle ngempela. Akunakuba yisilwane esinegciwane, ngoba umpristi kumele asihlole kuqala. Futhi kufanele kube, emnikelweni wesono, iwundlu elingenasici lifanele ligcinwe futhi livivinywe, emnikelweni wesono, njengoba uJesu wavivinywa ezintweni zonke.

65 Kodwa lompristi . . . Ehamba ehla ngomgwaqo, umJuda ekhuphula umnikelo wakhe wesono, eletha umnikelo wakhe ngesono sakhe, futhi uwethula kumpristi wakhe ngabo bonke ubuqotho. Uyabona ukuthi wonile. Futhi uyazi ukuthi unephutha. Futhi uthatha lesi silwane, asethule kumpristi. Khona-ke lapho enza lokho, ubeka izandla zakhe phezu komhlatshelo. Wenzani na? Uzixhumanisa nomhlatshelo wakhe. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Khona-ke igazi liyachithwa, nomuntu, umJuda, angahamba ezizwa elungisisiwe, ngoba uhlangabezane nezidingakalo zikaJehova.

66 Futhi indlela kuphela umKristu, namhlanje, angake athethelwe ngayo izono zakhe ngokuyikho ngukuhamba aye eKalvari noMhlatshelo wakhe, azixhumanise naWo, bese-ke emukela iGazi elichithiwe. Akukho sivumokholo ezweni esingakwenza lokho. Alukho uhlelo lwezemfundo emhlabeni olungakwenza. Ayikho indlela yesayense engakwenza. Kuza kuphela ngokwamukela iGazi elichithiwe, iSibambiso sakhe.

67 Manje, uyahamba, lokhu kwenziwe, wenze ukuyala kukaJehova, ngakho uhamba ezizwa elungisisiwe, ngoba usiphendulile isicelo sikaJehova. Wenze lokho uJehova athi akwenze. Khona-ke uzizwa ukuthi u, ngokukholwa, wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi manje, lalelisisani manje, wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe, wayeqotho ekwenzeni akwenzayo, wakwenza ngobuqotho nge . . . ngeZwi, akunandaba

ukuthi ubani owayemhleka, wakwenza noma kanjani, ngoba kwakuyisidingakalo sikaNkulunkulu, futhi manje, lokho kwakumangalisa, ukuthi wayazi ukuthi wayelungisisiwe. Wayengazizwa ngaleyondlela ngoba wayehlangabezane nezidingakalo zikaJehova, okwakungaba iZwi, wahlangabezana nezidingakalo zalokho iZwi likaNkulunkulu elalimdinga ukuba akwenze ngokulungisiswa kwakhe.

68 Ekugcineni . . . Manje, lokho kwakumangalisa kwasekuqaleni nje. Kodwa ekugcineni, kuba isiko lomndeni. Ngiqinisekile niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Wahamba . . . UmJuda wayeyohamba anikele ngomhlatshelo wakhe ngoba nje lokho, awu, umndeni wakwenza, futhi awu, kwakuyisiko. Futhi lapho ekhuphuka, wathi, "Ake ume umzuzu. Ngiyakholwa ukuthi ngonile. Ngiyabona. Kulungile lokho. Awu, ngizozitholela imvu, ngikhuphuke futhi . . . "

69 Niyabo, kwakungekho ukudabuka kokwesaba uNkulunkulu ngesono sakhe. Kwakuwumkhuba nje, kuwuhlobo lomkhuba nje wokuthatha isilwane sakhe sibe umnikelo. Akazange athole lutho kukho, ngoba akazange afake lutho kukho. Nokho, wayelalela umyalo kaNkulunkulu ngeZwi laKhe, kodwa akezanga nhloso yangempela yeZwi laKhe. Wayewulalela kuze kube ngokuqavile, wawulalela, kodwa ngobuqotho, akazange awulalele. Ngakho-ke, kwakuwumkhuba nje, elandela isiko.

70 Futhi ngingama lapha umzuzu na? Niyayibona into engishaya ngayo ngesando osukwini nosuku nobusuku emva kobusuku na? Akukhona ukuthi anginalutho olumelene neMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma amahlelo. Yingoba ulahlekelwa yilobo buqotho, lokho *okuthize* ofanele ube nakho ekukhonzeni kwakho. Kuvele kube isiko lomndeni.

Lapho siza esontweni, futhi wena uthi, "Uyakholwa ekuzalweni ngokusha na?"

"Ya, impela, e-hhe, ya."

"Ukholelwa e—egazini le . . . "

"O, impela, impela, impela, impela, ngikwamukele."

71 Niyabo? Akukho lutho oluqotho ngakho. Lapho ehamba eyokwenza umnikelo wakhe wesono futhi uthatha isidlo, uvele asithathe noma kanjani, noma ngabe uyabhema, uyaphuza, ugijima nonkosikazi womunye umuntu, noma—noma abesifazane baziphatha nganoma iyiphi indlela. Futhi bayahamba bathathe lesosidlo. Lapho, niyaqonda ukuthi iBhayibheli lithi, "Uma umuntu edla lenyama futhi aphuze leliGazi ngokungafanele, unecala lomzimba neGazi leNkosi"? Silahlekelwe ubuqotho. Kukhona okungalungile ngathi. Umkhosi wethu onesizotha awusenjengoba wawuvamise ukuba njalo.

72 Lokhu kungahle kusilungele lesi sikhathi. Kukhona *okuthize okunye* esingakwazi nokuhlala siphapheme, neze, nge—intshumayelo. Futhi uma kunjalo . . . akukho lapha ngaleyo ndlela, kodwa ezindaweni ezinigi, othile uhlala edonsa umsila wejazi lami, "Heyi, heyi, heyi. Sifanele senze ukuthi-nokuthi." Yini ebaluleke ngaphezu kokuphuma kweZwi likaNkulunkulu na? Yilokho engangikucabanga ngezinto.

73 Imihlangano yasemgwaqweni eyayivamise ukuba, umshumayeli wemfashini endala emi lapho, futhi ashumayele kuze kube yigazi nezithukuthuku, njengoba kwakunjalo, kwehlela ezicathulweni zakhe. Yiba nomhlangano wasemgwaqweni namuhla, ukucula okuningi, okuningi okunye. Futhi mfowethu, omunye uzama ukuhola ngomkhuleko, futhi akhulekele umongameli, nawo wonke umuntu, futhi adlule kukho cishe ihora, abantu sebevele bahambile. IZwi liyinto esemqoka, iZwi. Kodwa sesilahlekelwe yintshisekelo. Kwesinye isikhathi . . .

74 Ngiyabuthakasela ubufakazi. Ngiyawuthakasela umculo, nazo zonke lezo zinto. Kodwa akusikho lokho. Kubiza ukushunyayelwa kwesiphambano. Kubiza ukusoka kukaMoya ukuletha ukuphila. Kulapho ubuqotho bethu buphele khona. Sekuyisikhathi lapho siqaphela ubuqotho obukhulu. Lapho umuntu azi ukuthi akulungile ukuthi lezizinto zingene ngesinyelela ebandleni lakhe, bese engabatsheli ngakho na? Buphi lobo buqotho obujulile na?

Umfundisi wangitshela, wathi, "Uzolahlekelwa yinkonzo yakho."

75 Ngathi, "UNkulunkulu unginike lenkonzo. Futhi uma iZwi likaNkulunkulu, ukushumayela Lelo, kungenza ngilahlekelwe yilo, khona-ke ngigeje isikebhe ndawondawo. UNkulunkulu uzolihlonipha iZwi laKhe Alilindile."

76 Manje, ubuqotho. Asinabo. Kubonakala kungukukhathalela okuncane kangako. Kufanele kube sesikhathini salelijubili, khona manje, emva kokuba sesazi futhi siqinisekile ngalezizinto, kufanele kube ukuthi iShreveport izobe inseneneza njengesaha elinsenenezayo. Ijele belifanele ligcwale, belenga emafasiteleni, beshumayela iVangeli. Amakhona emigwaqo abefanele agcwale amadoda nabesifazane befakaza ngamandla kaNkulunkulu.

77 Nokho, siyakukholwa, siyasho. Kodwa silahlekelwe ubuqotho nomdlandla okuyiwo ukuLemukela. Manje, lelo yiqiniso. Yilokho ncamashi. Futhi asisoze sabuya kuze kuba sesehlele kuleyondawana yokuthakasela uNkulunkulu esenzela indlela, bese-ke esibizela ngaphakathi kuyo, futhi ekuqinisekisa ngoMoya waKhe nangeZwi laKhe, lesosiqiniseko esinaso.

78 Kuyinhlekelele enjani ukubona amabandla ekulesisimo. Akusikho ukuthi ngimelene namabandla, kodwa niyakubona

lokho engikushoyo. Manje, alukho usizi, uhlobo nje lwemikhuba.

79 Futhi nokho, u-Israyeli wayesebenzisa iZwi nomyalo kaNkulunkulu. Namabandla namhlanje akhipha izinto eBhayibhelini. Kodwa abukho ubuqotho ngakho.

80 Futhi ngenkathi u-Israyeli eqala ukuthatha iZwi neMiyalo kaNkulunkulu, futhi akwenze umkhuba, lokho akumthokozisanga uJehova, uMnikezeli waLo. Kwakungalesosikhathi lapho benza iZwi likaNkulunkulu laba umkhuba, ukuthi lowomprofethi onamandla u-Isaya wavela enkundleni. Yifunde, u-Isaya 1. Wathunyelwa ku-Israyeli. Bamzonda futhi ekugcineni bamthengisa ngezinhlamvu.

81 Kodwa wenzani na? Wabahhundula. Wathi, "UNkulunkulu uyalile imikhosi yenu emisiweyo." Wathi, "Sekuphenduke ukunuka emakhaleni aKhe." Kwakuyini na? Umkhosi uNkulunkulu ayebamisele wona, ukwethwasa kwezinyanga, neSabatha, neminikelo yeminikelo yesono, nokunye nokunye uNkulunkulu ayekunike u-Israyeli, base benze isiko ngawo. Kunjalo.

82 O, bandla, niyabona ukuthi yini eyenza inhliziyo yomfundisi iphuke na? Ngenkathi iPentekoste Asinika lona, senze isiko ngalo. Ubuqotho sebufiphele ebandleni. O, angikusho konke, ngiyabonga Nkulunkulu. Ingabe kwakungasekho konke ngaleso sikhathi, kodwa iningi. Ubuqotho abusekho. Abantu abasakwazi ukukulalela. Abafuni ukukuzwa. Bancamela ukuthola umuntu othize opholishiwe kakhulu. Abakufuni. Awu, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje.

83 Kodwa uNkulunkulu wabathumelela u-Isaya, futhi akazange ancenge. Futhi wabatshela ababekwenzile. Fundani u-Isaya 1, lapho niya ekhaya. Lalelani lowomprofethi eshumayela lokho. Wabatshela ukuthi kwakunuka. Ngamanye amazwi, uNkulunkulu wayengawufuni umhlatshelo wabo onukayo, umhlatshelo ababe . . . Babenzeni na? Babewungcolisile umhlatshelo wabo. Babewungcolisile, ngoba bangena nawo ngaphandle kobuqotho. Babengatholi miphumela.

Wathi, "Amasiko enu . . ." Ukuza namasiko abo kwakukhiphe amandla eMiyalweni yaKhe.

84 Manje, namhlanje, isiko lethu likhipha amandla ekukhonzeni kwethu, ngesiko lethu uqobo. Futhi sithi, "Lokho kusho iMethodisti namaBaptisti." Lokho ngamaPentecostal. Lokho yithi sonke sindawonye. Isiko lenu selilahlekelwe amandla alo, hhayi ngoba ningalenzanga. Ya.

85 Bathi, "UJesu wathi, 'Okholwayo, abhaphathizwe, kufanele asindiswe.'" Kunjalo. Kodwa senze isiko ngakho. Bayanuka phambi kwaKhe. Niyasibona isizathu: isikhonzi sifika, sikwenza, wakwenza njengesimo kuphela.

Futhi sinecala ngokwenza into efanayo. Senza isimo ngakho, nakuba kuwumyalo kaNkulunkulu.

86 Njengokuthi, maduzane nje ngenkathi umnyakazo wethu uqala, futhi uNkulunkulu waqala ukwengeza okuthize kubo, futhi sasuka nakho, senza isiko ngakho, futhi kwalahlekelwa amandla akho. Esikhundleni sokuhlanganisa ubuzalwane, kwahlukanisa ubuzalwane. Niyakwenza kwesinye isikhathi kube isiko nje, ngaphandle kobuqotho balo. Ufanele ungene emkhosini kaNkulunkulu ngobuqotho.

87 Akukho buqotho bangempela, akukho kudabuka kwangempela ngezono, abantu bayenyuka, i-altare, futhi abaningi babo bathatha umculo omningi, ukusina okuncane, ukushaywa kwezandla, mhlawumbe begijima behla benyuka phakathi nesikhala sezihlalo, futhi mhlawumbe nje bakhulume ngezilimi.

88 Manje, ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi; ngiyakholelwa ekugijimeni wehla wenyuka phakathi nesikhala sezihlalo; ngiyakholelwa ekushayeni izandla. Kodwa uma kungekho umuzwa othize ngemuva lapho, uma kukhona ubuqotho obuthize uJesu Kristu akuhlanzile, ungakwenzi ngoba uNkosazana Jones wakwenza, kodwa ukwenze ngoba kukhona okuthize kuwe okushaya inhliziyo, ukudabuka ngezono zakho, nenjabulo yokunqoba owabelana ngakho ekuvukeni komhlatshelo wakho, ubufakazi obubonakalayo bokuphepha kwakho kwaPhakade. Ungengebeqotho kanjani kulokho na?

89 Futhi ngikholwa ukuthi umuntu angamemeza futhi angesindiswe. Ngikholwa ukuthi angagijima futhi angesindiswe. Ngikholwa ukuthi angakhuluma ngezilimi futhi angesindiswe. Ngikholwa ukuthi angenza noma iyiphi yalezi zinto futhi angesindiswe. Kodwa awukwazi ukuhlukanisa ngezinga wonke umuntu owenza lokho, manje.

Olunye uhlangothi luthi, "Akukho lutho kukho."

90 Kodwa kukhona umuntu oqotho kulokho. Kukhona othole imiphumela yangoqobo, ngoba ukungene ngobuqotho phezu kwesisekelo sokukholwa kwakhe eGazini elichithiwe. Futhi wathola into efanele.

91 Kodwa omunye uyabhuqa kuphela. Futhi kuningi kakhulu ukubhuqa okuqhubekayo, ukulingisa okuningi kakhulu, ukuzifanisa ngokwenyama, ukuqhathanisa ngokwenyama.

92 Uma ungeza ufuna uMoya oNgcwele, futhi uvumele Yena, ukukholwa onakho kuYe, wenezele kulawo mandla, wenezele kulolo thando lobuzalwane (UPetru wesiBili 1:7), kuze kuba sewakhiwe emumweni ogcwele kaKristu, khona-ke into yokugcina uthando, okungukuthi uNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ukubeka uphawu uze ufike esiphethelweni sakho.

93 Ungeke ulingise. Ungakulingisa, kodwa njengoba ngishilo izolo ebusuku, kufana nje ne—inyoni emnyama ifaka izimpaphe zepigogo emaphikweni ayo futhi ithi, "Niyabo, ngiyipigogo." Ivele yazengeza nje, yawafuqela phakathi. Uma kukhona okungaphakathi kuyo, kuyenze iwafuqele ngaphandle, empeleni ibiyoba ipigogo. Impela. Kodwa abanye abantu bazama ukwenza okuthize ukuze kubukeke njengomunye umuntu, noma ukuzenza omunye umuntu, ngoba babecabanga ukuthi *ba*kwenzile. Futhi niyabona ukuthi kwenzani na? Kusibuyisela enkambisweni kanye nesimo futhi. YiGazi, ukuPhila okufaka ogesi futhi kungcwelise impilo yakho. Kunjalo.

94 U-Isaya wabahlubel'udlubu ekhasini wayesethi, "UNkulunkulu ushilo ukuthi Ufihla ubuso baKhe emikhulekweni yenu. Ninesimo senu semikhuba, nokho kuyiqiniso. Nenza lokho Anitshela khona, kodwa anikwenzi ngobuqotho. Futhi niyakhala imini nobusuku, kodwa uNkulunkulu wathi, 'Umhlatshelo wenu uyiphunga elibi kiMi, futhi Ngeke ngisawamukela. Futhi lapho nikhuleka ngaphansi kwezimo ezinjalo, Ngizofihla ubuso baMi kini.'"

O, Nkulunkulu, ukuba abantu bebengacabanga ngalokho, bekuzoqala iPentekoste.

95 UNkulunkulu wathi nakuba useZwini ngokuyikho, kodwa uma ungakwenzi ngothando nangobuqotho, uNkulunkulu wathi Uyofihla ubuso baKhe, futhi angayizwa imikhuleko yakho. Niyabo? Yileyondlela-ke.

96 "O," wena wathi, "Lokho, ukuthatha ngaphansi kweTestamente eLidala, Mfowethu Branham." Kulungile. Asithathe iTestamente eLisha, kuThimothewu wesiBili 3. UMoya oNgcwele wasixwayisa ukuthi ngezinsuku zokugcina ukuthi ibandla liyosuka ebuqothweni nasekukholweni. Babeyoba nesimo sokumesaba uNkulunkulu, kodwa baphike amandla ahamba nento elungile, "benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika." Yebo, mnumzane.

97 UNkulunkulu uyayizonda inkolo engenamandla. Futhi noma iyiphi inkolo namuhla engenaye uKristu kuyo, ayinawo amandla. Kodwa noma iyiphi inkolo uKristu akuyo, ingaphansi kweGazi laKhe uQobo, futhi inamandla kuyo. Uthi uNkulunkulu uyayizonda inkolo engenamandla na? Wathi, "Umkhosi wakho onesizotha uyiphunga elibi." Mm. Ngiqagele Uyakuzonda. Wathi, "U—uyaNgigulisa."

98 Futhi khumbulani, Watshela lelibandla elicebile laseLawodikeya ukuthi, "Ngenxa yokuthi usivivi, wena, ngamanye amazwi, uyaNgigulisa, ngizokuhlanza uphume emlonyeni waMi." Futhi sesifike kulowonyaka.

Nkulunkulu, sithumele u-Isaya ukuba anqume into ibe yizicucu, ayibeke phambi kwabantu; memeza, ungayeki.

Ucabanga ukuthi uzokwamukelwa na? Akunjalo impela. Mm. Kodwa wayekhala ngokufanayo nje. Imikhosi enesizotha, iyiphunga elibi.

99 UNkulunkulu uyayizonda inkolo engenamandla. Ifanele ibe namandla kuyo. Ifanele ibe nobuqotho. Ubuqotho buletha amandla. Ubuqotho buletha ukukhonza kwangempela, hhayi izimo, kodwa ukukhonza kwamandla koqobo ukwazi ukuthi usudlulile ekufeni wangena ekuPhileni.

100 UNkulunkulu ufuna ukwenza iZwi laKhe ngamandla aKhe. Futhi lapho ibandla liphika amandla aKhe, Angalenza kanjani futhi aliqinisekise iZwi laKhe, lapho ibandla likuchaza likususe futhi lithi okolunye usuku, nento ethize, angakwenza kanjani uNkulunkulu, Ofuna u—ukugcwalisa iZwi laKhe, futhi enze iZwi phakathi kwabantu, futhi abantu bayaphika ukuthi UyaLenza na? Nokho, bayilandela yonke imikhuba. Niyabo?

101 Nakhu okwenzekile: uNkulunkulu ufuna ukwenza ngoMoya oNgcwele, futhi aqinisekise iZwi laKhe. Nebandla lifuna ukwenza, bafanele baphike uMoya oNgcwele, bafuna ukwenza ukwakha ihlangano enkulu, futhi yini enye na? Ukuletha ubulungu, akunandaba ukuthi yini: ufanele ubhaphathize izoni, izidakwa, ogweva, noma yini enye, futhi ubangenise emzimbeni webandla. Akumangalisi iSambulo 17 sathi lona wesifazane omdala oyisifebe, owayenesigejane samadodakazi, ukuthi wayegcwele amagama, noma, amagama enhlamba, amabandla, amadodakazi akhe, ebiza amagama amadodakazi akhe.

102 Abantu abajoyina amabandla futhi babize lokho "ukuba nensindiso," yinhlamba. Manje, ngiyazi iKing James lapha yathi, "amagama enhlamba," kodwa bukani kuyiDiaglott, futhi nibone ukuthi ingabe kunjalo yini. Lithi, "Amagama enhlamba." Kungumehluko impela. Agcwele lawo. Linezinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye nento ezehlukene kulo, inala yamagama enhlamba. Wasuka wahamba, ngesiko elithile elenziwe umuntu, wasuka ekukhonzeni kweqiniso, amandla aphuma e . . .

103 O, wena uthi, "Ngehlela lapho, futhi kwakukhona amandla amaningi. Mfowethu, iphansi lonke lalisina eMoyeni," futhi kwakungekho ukukholwa okwanele ukuphulukisa ubuhlungu bezinyo. E-hhe, e-hhe. Ubiza lokho ngamandla na? Akuwona amandla lawo. Izibusiso lezo. Kunomehluko omkhulu phakathi kwezibusiso namandla. E-hhe. UNkulunkulu wenza izibusiso zaKhe phezu kolungileyo nongalungile. Ilanga liyakhanya futhi . . . Niyabo? Kufanele sibuyele eqinisweni, bangane. Sifanele sibuyele kulokho uNkulunkulu akuhlosile. Akushoyo, Ukuhlosile. Niyabo? Futhi Wenqaba eyabo, wake, wafihla ubuso baKhe emikhulekweni yabo.

Futhi bukani, bangane. Uma uNkulunkulu engawuyekanga umuthi wokuqala owenza lokho, kuthiwani ngesihlahla

esaxhunyelelwa na?

104 Sifanele sibe qotho. Sifanele sizenze kahle lezizinto. UNkulunkulu ufuna ukwenza futhi aveze uMoya oNgcwele ukuthi usebenze ebandleni laKhe. Ibandla lifuna ukwenza futhi liveze izivumokholo zalo ukwenza amalungu. Yilowo umehluko.

105 Ukwenza okokuqala, uNkulunkulu ufuna ukuthumela uMoya oNgcwele, owayenguMholi webandla; Ufanele akwenze lokho. Futhi indlela kuphela abantu abangakugwema ngayo ukukwenza, ngukuWenqaba. Futhi uma uWenqaba, ukhipha amandla ekusebenzeni. Ngakho kukushiya uyisidumbu. "IZwi liyabulala, uMoya uyaphilisa." A-hha. Kunjalo.

106 Njengenjini ihlezi emzileni, lonke ikhoshi epholishiwe, nabantu abagqoke ezikanokusho behlezi kuwo, futhi akukho mandla afuthelene enjinini. Isizani lento empeleni na? A-hha.

107 Emavikini ambalwa edlule ngangi, cishe ezinyangeni eziyisishiyagalombili ezedlule, noma ngaphezulu kancane, ngabona umbono ngobunye ubusuku wabafo ababili, omunye endlini eyodwa yokuphuzela utshwala, nomunye kwenye, futhi beqophisana bodwa ebandleni labo ababekhuluma kulo. Ekugcineni, bahlangana eNew York phakathi nomgwaqo, bemba umgodi, njengokungathi, bangena lapho, futhi omunye wabulala omunye. Ngathi, "Kuzobulawa umuntu othile." Babebahle, bebade, izinsizwa. Cishe inyanga ngemva kwalokho, lezo zilwi eziklonyeliswayo ezimbili zalwela igqubu, omunye wabulala omunye.

108 Ngihlezi eColorado ezinyangeni ezimbalwa ezedlule e—endlini encane yezingodo, ngahamba ngathi endodaneni yami, umkami, umalokazana wami, nabo: "Emahoreni athi awabe mabili edlule kukhona okwenzekile. Ngabona inenekazi, owesifazane omuhle, futhi wayethi ukuba nezindebe ezilugqinsi, kwakungathi ngike ngamubona ndawo ndawo. Futhi wa—wayezama ukuya kudokotela, futhi wafa. NoMoya owawukhuluma kimi, wathi, 'Manje, bazothi uzibulele, kodwa wafa ngokumelwa yinhliziyo.' Futhi wathi, 'Sekusele kancane nje ngaphambi kwelesine, kodwa ungasho ukuthi kwakuyihora lesine nqo,' nombono wangishiya." Ngabatshela, "Kwakusho ukuthini lokho na?" Ngangingazi. "Umuntu othile ulungiselela ukufa."

109 Ngenkathi siphuma ezintabeni ezinsukwini ezimbili kamuva, leso sihlabani samabhayisikobho (Ubani igama lalowo wesifazane na?), uMarilyn Monroe, wayeluhlobo lwabazihhundulayo, noma, noma niyifundile indaba yakhe. Wayeyivezandlebe. Umama wakhe usesikhungweni sezinhlanya. Intombazanyana empofu cishe yayinendlela enzima. Futhi wayehlale elambele okuthize. Ngifisa sengathi ngabe ngifikile kuye. Ngiyazi ukuthi wayedingani. Ngangazi ukuthi wayedingani. Nokho wayesejoyine amabandla nakho konke.

Kodwa niyabo, kuyisimo nje esingokomkhuba. Wayedinga ukubhecwa kweGazi. Niyabo?

110 Manje, ngiqagele akekho umuntu othanda kakhulu ucansi ezweni kodwa owayemazi futhi enesithombe sakhe. Wayefanele, owesifazane owakhiwe kahle kakhulu, njengoba ngangiqonda, owayekhona emhlabeni. Kodwa uma lokho okuphatha umzimba kukuhle kakhulu, khona-ke bhekisisani: Ngenkathi ukuphila kuphuma emzimbeni wakhe, badingeka bamnike inombolo ukuba alale ekamelweni. Futhi akekho owayezofuna umzimba wakhe.

Ngakho iyiphi ingxenye ebalulekile na? Umphefumulo noma umzimba na? Niyabo, sifanele sibe qotho kulezizinto. UNkulunkulu udinga khona. Kufanele kufike.

111 Qaphelani. Manje, ngakho ukwenqaba uMoya oNgcwele, bemukela uhlangothi olugcina umthetho ngamehlo lwakho, benesimo sokumesaba uNkulunkulu kodwa bephika amandla akho. Baphinda zonke izinhlobo zezivumokholo zabaphostoli, nakho konke kanjalo, nenqwaba yeZwi lixutshwe kukho, nokuningi okungelona iZwi, bese kuthi-ke bona, iZwi likaNkulunkulu, ngiqonde ukuthi, futhi khona-ke benza zonke lezizinto, futhi nokho, lidlula ekugcineni umthetho ngamehlo, udaba lwemikhuba. Awekho amandla kukho. Kufile. Kuyisidumba nje, njengalowo mzimba wentombazane. Ukuphila kwase kuphumile kuwo, wawungasasizi ngalutho ngalesosikhathi. Akekho owayeyifuna. Ukuphila kwakungasekho. Niyabo?

112 Ukuphila okusho okuthize. Noma ngabe uqongelela okungakanani kulomhlaba, mangaki amabandla ongowawo, uthini ngalowo mphefumulo wakho na? Kuthiwani ngalokho kuphila okukuwe na? Ingabe kulungile kuNkulunkulu na? Futhi kungalunga kuphela ngokwamukela lokho kulungiselelwa okukhulu uNkulunkulu akwenzayo ukuletha izidalwa ezingabantu kulowomhosha kuYe uqobo. Lelo yiGazi likaJesu Kristu. Akukho sivumokholo esizohlanganisa indlela; akukho hlelo elizokwenza. Akukho-mfundo, akukho sosayense, akukho lutho olunye kodwa iGazi likaJesu Kristu yiyonanto kuphela eyoyivala.

113 Manje, emva kokuba u-Isaya esetshele u-Israyeli ukuthi babengcolisile isibambiso sabo ngamasiko, futhi babekufakazisile kubo, futhi uNkulunkulu wayala imikhuleko yabo... U-Isaya wayengumprofethi wabo, umtsheli wabo, ngoba lowomhlatshelo waya ku-Israyeli kuphela. Kodwa emva kwalokho, kwavela omunye umprofethi omkhulu enkundleni, negama lakhe kwakunguJohane. Simazi njengoJohane umBhaphathizi. Futhi akakhombanga u-Israyeli kuphela, kodwa lonke uhlanga luka-Adamu, eWundlwini elisusa izono zezwe.

Bangcolisa lolo suku noma isimiselo sesikhathi, ukungabi qotho kwabo nesenzo sokugcina umthetho ngamehlo, uNkulunkulu wayisusa into wayikhipha.

114 Wayesethumela omunye umprofethi ukwethula omunye unyaka nelinye iWundlu. Lelo kwakuyiWundlu likaNkulunkulu lalo lonke uhlanga luka-Adamu, elisusa isono sezwe. Ngokushesha leloWundlu labethelwa esiphambanweni saKhe se-altare. Wabethelwa phezulu lapho eKalvari. Mayelana nani na? Ukuthethelwa kwezono, hhayi kumJuda kuphela, kodwa lowo nalowo othandayo.

115 IGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lihlanza kuso sonke isono. Akunandaba ukuthi zingaki izivumokholo esiziphindaphindayo, kusafanele kube yiGazi elibheciwe ukususa isono. Futhi ulisebenzisa ngokukholwa eZwini, ngokukholwa ukuthi Linjalo; bese-ke wazi ukuthi Uyakuphendula, futhi uyaMazi, uyaMazi ngoba ulandele iZwi laKhe ngobuqotho.

116 Manje, uma noma yimuphi wenu, kumbe noma yimuphi umuntu noma yikuphi, ake ezwe umthwalo wesono sakhe, sineWundlu. Masingalungcolisi lolo hlelo. YiWundlu elisusa isono sezwe. Ngukuhlinzekela kuphela uNkulunkulu anakho ngamadoda ayizoni, engiyiyo, nawe uyiyo, nabesifazane abayizoni, abafana, namantombazane, yiGazi likaJesu Kristu.

117 Sifanele size ngobuqotho kuYe, futhi ngokukholwa sibeke izandla zethu phezu kwekhanda laKhe ngokukholwa, futhi sizixhumanise naYe, sizithatha njengofile manje, futhi sihlale lapho kuze kufike imiphumela, kuze kube iGazi elachithwa eKalvari seligcotshiwe enhliziyweni yakho. Khona-ke umthwalo awusekho. "Imithwalo yami yagingqelwa le." Khona-ke usukhululekile. Lowo iNdodana emkhululayo ukhululekile ngempela.

118 Akumangalisi ukuthi singeke sibe nezinto njengoba sasivame ukuba nazo noma—noma ebekufanele sibe nazo. Asizange size ngaleyo ndlela eqotho uNkulunkulu asihlinzekele yona. Ungahle. . . Asifuni ukungcolisa lokho, niyazi. Ngeke kungcoliswe. Kanjalo akekho omunye owangcoliswa, kodwa uNkulunkulu wakususa kubo.

119 Njengendaba engiyifunde lapha esikhathini esithile esedlule. Ukapteni omdala wasolwandle phezulu olwandle, futhi impela wayesecishe waphila impilo yakhe esonweni. Kodwa kanye, wayezwile ngeBhayibheli nangoNkulunkulu. Futhi wayelele efa, wayesethi, "Ngabe ukhona umuntu oyedwa ongakhuluma nami ngeBhayibheli, noma likhona iBhayibheli elilodwa emkhunjini wami na?" Niyabo, wayelinde isikhathi eside, cabanga ngalokho, kodwa uNkulunkulu egcwele isihawu, umusa.

120 Futhi bathola umfana ababemthathile, emkhunjini, futhi wayeneBhayibheli. Futhi wamtshela, wathi, "Ngena, ndodana, futhi uhlale phansi ngasembhedeni wami, futhi ungifundele leloBhayibheli."

121 Futhi umfana osemncane waphendukela ku-Isaya 53:5, futhi kufundeka kanje: "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, Yachotshozwa ngobubi bethu: isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

Umfanyana waphenduka, wayesethi, "Kapteni, mnumzane?"

Wathi, "Yebo, mfana?"

122 Wathi, "Ake ngikufunde ngendlela umama wami ayevame ukungifundela ngayo." Wathi, "Ngikufundele ngendlela okulotshwe ngayo eBhayibhelini. Kodwa nansi indlela umama ayevame ukungifundela khona ngayo."

Wathi, "Qhubeka, ndodana. Kufunde ngendlela umama wakho akufunda ngayo."

123 Wathi, "UMama wayevame ukungimisa edolweni lakhe futhi afunde, 'Yalinyazwa ngenxa kaWillie Pruitt . . . Yalinyazwa ngenxa yobubi bukaWillie Pruitt: ukujeziswa kokuthula kukaWillie Pruitt kwakuphezu kwaYo; futhi ngemivimbo yaYo uWillie Pruitt waphulukiswa."

Ukaputeni omdala wathi, "Ngifisa sengathi ngabe ngibe nomama onjalo." Wathi, "Mhlawumbe igama lami lingafundwa kukho."

124 Umfanyana wathi, "Umzuzu nje, kapteni." Wathi, "Ake ngifunde igama lakho kuyo." Wathi, "Yalinyazwa ngenxa yensindiso kaJohn Quartz (Amen.), Yalinyazwa ngenxa yobubi bukaJohn Quartz: isijeziso sokuthula kukaJohn Quartz sasiphezu kwaKhe; ngemivimbo yaYo uJohn Quartz waphulukiswa."

Ukukhanya kwabanika phezu kobuso bukaputeni omdala. Wathi, "Vala iNcwadi, ndodana. Ngiyakubona."

125 Lapho ungafunda igama lakho phakathi lapho, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zikaWilliam Branham, Yachotshozwa ngenxa yobubi bukaWilliam Branham," kungaleso sikhathi lapho kufika ukuthula. Hhayi nje ukuthi kwakuwudaba lwesitolo esikhulu kuphela; kwakungokwami. Kungumuntu ngamunye. Ngafakwa kulokho. "Ngemivimbo yaYo uWilliam Branham waphulukiswa." Khona-ke kuhlukile.

126 Kukhona enye futhi into engingathanda ukukhuluma ngayo, lapha, ekuxolelweni kwethu. Nalokho ngukuthi, emva kokwemukela ukuxolelwa kwethu, semukela ubumsulwa ngalokho kuxolelwa. Manje, uma wenza nje sengathi uxolelwe, awunabo ubumsulwa.

Manje, wena uthi, "Ungakufakazisa lokho, Mfowethu Branham na?"

127 Maka lokhu phansi: AmaHeberu isahluko se 9, ivesi le 11 kuya kwele 15: "Okhonzayo esehlanziwe kanye akasenanembeza wesono." Uma uxolelwe ngempela, lona kanye icala, sona kanye isifiso, sesikushiyile. Konke sekuhambile. Ubumsulwa buhambisana nokuxolela kwangokoqobo. Ngakho-ke uma sithi sixolelwe, kepha singakabi msulwa, singazisho kanjani ukuthi sixolelwe, lapho ukuxolelwa kuveza ubumsulwa. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

128 Ukuhlanza ini na? Ukukuhlanza kwini na? Ukukuhlanza kukho konke ukuxhumana kwemisebenzi yokugcina umthetho ngamehlo, efile, yamasiko. Amen. Esihlanza emasikweni afile. Ningahlala kanjani esikweni elifile kanti nimsulwa kulo na? Manje, nifunde lokho kumaHeberu 9:11. Bona ukuthi lokho kunjalo yini. Iyasihlanza emisebenzini yokungcola kwabafileyo, yokugcina umthetho ngamehlo, lapho sesixolelwe ngeGazi likaJesu, ngoba kungamandla angcwelisayo ahambisana nokuxolela. Futhi sihlanziwe kuyo yonke imisebenzi yethu efile.

129 Manje, lapho senza lokho, siza esidlweni ngendlela efanele. Siza esidlweni siYikhumbula, siYikhumbula, uMhlatshelo wethu. SiyaYikhumbula, ukuThula kwethu; siyaYikhumbula, ubuMsulwa bethu; siYikhumbula, ukuHlanzwa kwethu; siYikhumbula, lapho siguqa esiphambanweni, singadakiwe uhhafu, singaphili ngokuphinga, hhayi ngobubi, inzondo, nokubanga, kepha siguqa esiphambanweni ngokukholwa, ngezinyawo zaKhe, ukwamukela ukuxolela kwaKhe. Sifika sikulesosimo eSidlweni, ngobuqotho impela. Hhayi nje ukuthi, "Ngifanele ngihambe." Uya lapho ngoba uqotho ngokujulile, kuphakathi kokufa nokuphila. Yebo, mnumzane. Hamba, futhi ungabe usawakhumbula amasiko akho, futhi sewuhlanziwe esonweni sakho.

130 Leyo yindawo eyodwa. Lapho uguqa lapho ngobuqotho, umfowethu oyiMethodisti, umfowethu oyiBaptisti, umfowethu we-Oneness, umfowethu we Twoness, noma umfowethu we Threeness, uma uguqa lapho ngobuqotho, amasiko akho awasekho. Kunjalo. UZiqu-zintathu, i-Oneness, amaBaptisti, bonke bahlanziwe futhi bangamadodana kaNkulunkulu. Amasiko nokuqophisana sekuphelile. Awusacabangi ngakho ngoba uhlanzekile futhi umsulwa. Niyabo? Ningabazalwane. Akunandaba ukuthi elinye isiko lathini, "Ungazihlanganisi ngalutho nabo." Nisesiphambanweni esifanayo, ngumthombo ofanayo. Ningabazalwane begazi. O, he.

131 Yilokho engikulwele. Yilokho engizamile ngakho. Akusikho, nginanoma yini emelene neBaptisti, iMethodisti. Yinqubo yalezo zinto ehlukanisa abazalwane bethu. Kuyisiko ukuthi bathathe

iZwi likaNkulunkulu futhi baLiphendulela esikweni, bethi, "Sikholelwa ekuhlanzweni kweGazi." Bese-ke nibiza umuntu ngo "mgingqiki ongcwele," futhi ningazihlanganisi ngalutho naye na? Umfowethu na?

132 Lapho umuntu efika eKalvari phansi kwesiphambano, ekhumbula uJesu wafa ukuze amsindise, futhi ngokukholwa ezihlanganisa nakho, futhi nangu umfowethu emi lapha, awubheki izimpawu zasemhlabeni, umbala, isivumokholo, noma lutho okunye. Ungumfowethu. Yebo, mnumzane. Amasiko nemibango akusekho. Ningahlanganyela.

133 Nansi indlela, nendlela kuphela ongaxolelwa ngayo. Indlela kuphela ongeza ngayo ingesiphambano ngeGazi. Futhi ngenkathi wenza lokho, amasiko nemisebenzi efile, sewuhlanziwe kuyo. Kwakukade . . .

134 Ngeke ngenze wonke umuntu abe yiBaptisti. Ukuba bengiyiMethodisti, bengingeke ngibenze bonke babe yiMethodisti. Ukuba bengiyindoda yenhlangano yePentecostal, bengingeke ngibenze bonke babe yi-Oneness, noma bengingeke ngibenze bonke babe ngoZiqu-zintathu, noma iChurch of God, noma yini enye. Qhabo, mnumzane. Ngeke bakwenze.

135 Kodwa nansi into eyodwa, nokukholwa kwami ekukwenzeni, ngukwenza onke amadoda abazalwane ngeGazi likaJesu Kristu elichithiweyo, lapho esingahlangana khona sonke esiphambanweni esifanayo, sikhumbula uMhlatshelo wethu. UNkulunkulu wakwamukela lokho, futhi lokho kuphela.

136 Kungikhumbuza ngendatshana engiyifundile esikhathini esingeside esedlule. Ekuvaleni. Kwakukhona indoda nomkayo babezohlukana. Baqala ukuqophisana, bakhafula, baxabana. Babengazwani nje. Babengakwazi neze ukuhlala ndawonye endlini eyodwa. Ngakho banquma ukwahlukanisa, futhi bafaka isicelo sesehlukaniso. Base benza isivumelwano sokuthi bazohlangana endlini bahlukaniselane izinto zabo ukuze kungadluleli enkantolo.

137 Futhi bahlangana ekamelweni elilodwa futhi bahlukanisa okwakukulelokamelo, ikamelo elilandelayo, bahlukanisa okwakukulelokamelo. Futhi ekugcineni, bafika endaweni lapho, benyukela ekamelweni eliphezulu elingaphansi kophahla futhi bathola ibhokisi elidala phansi. Futhi lapho beqala ukukhipha izinto ezincane ebhokisini base belibeka, uhlangothi olulodwa noma olunye, bebukana, "Ungangikhohlisi, ngizokumangalela uma wenza lokho." Njengamanye amasiko omKristu enza.

138 Futhi emva kwesikhashana bagijimela esicathulweni esincane esimhlophe. Futhi ubabayi wasicosha, nomama wabeka isandla sakhe kuso. Babukana omunye nomunye. Emizuzwaneni embalwa base begonene. Ini? Intombazanyana eyake yaba ngeyabo, lokho kwakuyinto ababenayo abahlanganyela kuyo.

Kwase sekuphelile; isehlukaniso sachithwa. Base bephinde bagonana. Babenokuthile ababehlanganyela kukho.

139 Futhi lapho amaBaptisti, namaMethodisti, nabe-Oneness, ne Twoness, ne Threeness, abazalwane, lapho singeza esiphambanweni, futhi sibone into ethize esihlanganyela kuyo, yiGazi likaJesu Kristu elisihlanzayo, zingaMgona, naYe engakithi, futhi singahlanganyela ndawonye ngaphansi kweGazi likaJesu Kristu. Yileyo ndlela kuphela engazi ngayo. Asikhuleke.

140 Nkosi Jesu, angizange ngisithole isicathulo esincane, kodwa ngathola uMsindisi ngelinye ilanga, futhi ngaMthanda, futhi Wangithanda. Futhi lapho ngibona lamasiko ephuma, ebonakala engenakho ukukholwa, futhi edonsa abantu basuke kulokho okwangempela, isisekelo esiqavile sobuKristu, inhlanganyelo ngeGazi, khona-ke inhliziyo yami iba buhlungu.

141 Futhi ngi—ngizame kanzima kuleminyaka, Nkosi. Sengiqala ukuguga manje. Kodwa angikhathele. Ngisesothandweni Nkosi. NgiyaKuthanda, futhi ngiyamthanda umfowethu, ngenxa yokuthi naWe uyamthanda. Futhi sengathi ngingaba nenhlanhla yokuphila ukuze ngibone usuku lapho sonke singahlangana ngasesiphambanweni futhi ukuqophisana kuyobe sekuphelile ngaleyonkathi. Amakhoba ayoshiswa, kodwa ukolo uyobuthelwa enqolobaneni. Siphe khona, Nkosi.

142 Futhi uma bekhona abanye phakathi lapha kulobubusuku, Baba, ongakaze acabange ngalokhu, futhi mhlawumbe othembele esivumwenikholo esithize, noma othembele emadlingozini athize, kodwa abone lokho ngakho kanye ukubonakaliswa kwalokho okungaphakathi kubo ngendlela abaphila ngayo, futhi baziphathe, futhi benze, bezwa umthwalo wecala, kwangathi ngingaba nenhlanhla, Nkosi, kulobubusuku, ngibaholele phansi esiphambanweni na? Siphe khona, Nkosi. Ngifuna ukubakhombisa lapho okukhona khona umthombo lapho esingama khona ndawonye. Ngibanikela kuWe, Nkosi.

143 Futhi nisakhothamise amakhanda enu, niyasizwa lesosisindo eningathanda ukusisusa na? Ingabe—ingabe sikuchoboza ngaphakathi kuwe na? Nokho uzamile ukujoyina ibandla, uzamile ukwenza okuhle, kodwa awukwazanga nje ukukususa. Phakamisa isandla sakho. Ngeke ngikucele ukuthi ukhuphuke.

UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. O, he. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, kuso sonke isakhiwo.

144 "Ngizizwela lesosisindo, Mfowethu Branham. O, ngi—ngizamile ukukusina ngikususe kimi. Ngizamile ukukumemeza ngikususe kimi. Ngizamile ukujoyina ibandla futhi ngikususe kimi. Kodwa, Mfowethu Branham, kuselapho."

145 Kamnandi manje, ake sehlele eKalvari, singehleli kwenye inhlangano, singehleli kwenye inqubo, kodwa ake sehlele eKalvari, lapho sobabili ndawonye sibeka izandla zethu phezu koMhlatshelo. Sizoba nezinto esihlanganyela kuzo ngaleso sikhathi.

146 Niyaqaphela emigqeni yokuphulukisa na? Akakaze ahloniphe noma babeyiBaptisti, iMethodisti, iPresbyterian. Kungani na? Walinyazwa ngenxa yeziphambeko *zabo*; ngemivimbo yaKhe *ba*phulukisiwe bona. UyiWundlu elisusa izono zezwe, esiyingxenye yazo. Aniyikukwamukela manje sisakhuleka na?

147 Baba waseZulwini, lokhu uquqaba lwezandla eziphakemeyo, izinhliziyo ezisindayo nezifuba ezisindayo kulobubusuku zabesilisa, abesifazane, abafana, namantombazane. Bathole isicathulo esincane nabo. Futhi bayazi ukuthi kukhona okungahambi kahle ezimpilweni zabo. Futhi yilokho kuphela into engakulungisa, yilowomfudlana lapho ovela eKalvari.

148 Futhi siza ngokukholwa manje eGazini elichithiwe, futhi sibeka izandla zethu phezu koMhlatshelo wethu owophayo. Sizwa inyama yaKhe idwengula kithi uqobo. Sizwa ameva nezipikili. Ngokukholwa siyakwenza lokhu.

149 Ngiyakubona Akwenzayo, futhi konke kwakungenxa yethu, hhayi ukuthi Wayefanele, kodwa Uzimisele ukukwenza. Futhi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Igama lami kulo, Nkosi, ngamunye ngamunye wethu. Yachotshozwa ngenxa yobubi bethu. Isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina. Ngenjabulo sikwemukela ngenhlonipho kulobubusuku, Nkosi. Ngiyakukholwa. Ngiyakwamukela ngenhlonipho. Ngiyakukholwa.

150 EGameni likaJesu, bemukele, Nkosi, eMbusweni waKho. IBhayibheli lathi, "Bonke abakholwa nguYe Wabanika amandla okuba babe ngamadodana kaNkulunkulu." Ngakho ngi—ngiyakholwa, Nkosi, ukuthi Uzokwamukela, ngoba e. . . hhayi ngesimo sokuthi sifanele size e-altare futhi senze lokhu, kodwa ngobuqotho, siyakukholwa, siyakwamukela e—ekuzibuseni kweZwi, ezibophweni zothando lwaKhe, enhlanganyelweni yomusa waKhe, siyakwemukela, Nkosi. Ngiyakwamukela. Awukho omunye umthombo engiwaziyo, lutho ngaphandle kweGazi likaJesu.

Sindisa, philisa wonke umphefumulo owaphukile, Nkosi. EGameni likaJesu, ngiyakhuleka futhi ngibanikela kuWe. Amen.

151 Manje, kini enizwa ukuthi kade niseKalvari, futhi nikholwa ukuthi lokhu kuyiqiniso, futhi anikaze nibe nombhaphathizo wobuKristu okwamanje, izinkonzo zizobe ziqhubeka emizuzwaneni embalwa nje esitezi esingaphansi.

152 Kodwa sekwephuzile kunalokho ebengicabanga ukuthi bekuzoba yikho. Futhi nokho ngikucaphunile, ku-Isaya 50, e, 53:5, ukuthi Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Niyakukholwa lokho na? Yachotshozwa ngenxa yobubi bethu. Uyakukholwa lokho na? Isijeziso sokuthula kwethu, lapho besifanele ukujeziswa khona, kepha manje sinokuthula, ngokuba Wajeziswa ngenxa yethu, nokuthi ukusolwa kwethu kwaba phezu kwaKhe. Futhi ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina, siphulukisiwe ngokomzimba.

153 Uyakukholwa lokho na? Uyakwamukela na? Uyakholwa ukuthi Usenguye izolo, namuhla, naphakade na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu owabhala iZwi njalo ulandela iZwi, uyaLiqapha ukuze aLiqinisekise na? UyaLigcina. UzoLikholwa na? Khona-ke bheka eKalvari. Lapho obheke khona insindiso emizuzwini embalwa edlule, bheka eKalvari ngokuphulukiswa komzimba wakho, futhi kholwa.

154 Nakhu kulele ohlakeni, umntwana. Ngifisa sengathi ngingamphulukisa. Angikwazi. Sekuvele. Nakhu kuhlezi indoda ebukeka kahle, umfo osemusha, ehlezi esihlalweni esinamasondo. Ngifisa sengathi ngingamphulukisa. Angikwazi. Nakho kuhlezi inenekazi esihlalweni esinamasondo. A—angazi ukuthi yini engalungile ngabo, kodwa a—angeke ngikwenze. Sekuvele kwenziwe. Niyabo?

155 Kukhona abantu phandle lapho abanenkathazo yenhliziyo, imidlavuza, bazokufa, kukhona okungenziwanga. Ngifisa sengathi nginganisiza. Niyakholwa ukuthi bengizokwenza na? Impela bengizokwenza. Ukuba bengingathatha ukwahlukanisa kokune, bese ngiyibeka phandle estaladini, futhi ngiyiphushe izungeze idolobha ngekhala lami, wonke umuntu engihleka, ngikubone uphulukiswa, bengiyokwenza. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Bengiyokwenza impela. Kodwa angikwazi ukukwenza, ngoba usuvele. Kodwa uNkulunkulu ungithumile ukuba ngikukhombe endaweni lapho kwenzelwa khona.

Manje, ngobuqotho wozani kukho. Ngobuqotho owesifazane emthonjeni wabheka uJesu ngenkathi Ethi, “Hamba, ulande indoda yakho.”

Wathi, “Mnumzane, anginandoda.”

Wathi, “Ukhulume iqiniso, ngoba ubunayisihlanu. Nale onayo manje akuyona eyakho.”

Wathi ngobuqotho, “Mnumzane, ngiyakholwa ukuthi Wena ungumprofethi. Manje, siyazi lapho uMesiya efika, Uzokwenza lezizinto, asibonise lezizinto. Kepha unguBani Wena na?”

Wathi, “NginguYe.” Hhayi . . . Ngokujula kobuqotho wakwamukela.

156 Owesifazane omncane onomopho wayesebenzise yonke imali yakhe. Wayengehli nje ngokunganaki. Wachitha yonke

imali yakhe kodokotela, futhi akekho kubo owayengamsiza. Futhi ufika ekholwa ngobuqotho, hhayi nje ukuthi, "Omunye othile ukwenzile." Ngokwazi kwethu, akekho omunye owake wakwenza. Uqale okuthile. Wathi, "Ngiyikholwa kakhulu leyoNdoda, kangangokuthi uma ngingathinta umphetho wengubo yaYo ngiyosinda."

157 Wayengasho lokho nje; wakukholwa. Wayeqotho kukho. Akungabazeki ukuthi kwambiza ubulungu bakhe esontweni. Kwambiza izinto eziningi. Kodwa wayeqotho. Waye—wayezimisele ukukwenza. Nokuthinta kwakhe okuqotho emphethweni wengubo yaKhe kwaMmisa emzileni waKhe. Futhi Waqalaza, wathi, "Ubani oNgithintile na?"

Ngenkathi uPetru eMkhuza, washo, ukuthi, "Isixuku sonke siyaKuthinta."

158 Wathi, "Kodwa Ngibe buthakathaka. Amandla aphumile kiMi." Futhi Wabuka phezu kwezethameli waze Wamthola owesifazane futhi wamtshela ngenkinga yakhe yomopho. Futhi wezwa emzimbeni wakhe ukuthi kunqamukile, futhi waphulukiswa kusukela kulelo hora.

159 Manje, Lowo nguYe owanikela ngokuPhila kwaKhe futhi washaywa imivimbo ngokuphulukiswa kwakho. Intengo isivele ikhokhiwe. UNkulunkulu wakwamukela. Izono zabo azisekho. UNkulunkulu wakwemukela, wasilungisisa ngokuMvusa, futhi efakazisa ukuthi Wakwemukela, hhayi kuphela ukufa kwaKhe esiphambanweni, kodwa ukuvuka kwaKhe, futhi manje uthumela uMoya waKhe ngaphambili, ukufakaza iZwi laKhe. Singakungabaza kanjani na?

160 Uma ugula, iBhayibheli lethu lathi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. UngumPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwelana kobuthakathaka bethu. Kulomzuzu omkhulu, ngihlupheke ngokugula, ngiyisakhamuzi kanye nani, ngingumfowenu, futhi ngiyazi ukuthi kusho ukuthini ukugula, futhi ngiyayazi indawo okungayiwa kuyo, kuleyondawo efihliwe yokukholwa ukuthinta ingubo yaKhe. Yithi, "Nkosi Jesu, ngobuqotho ngiyeza manje. Ngiqotho kulokhu, Nkosi. Uyayazi inhliziyo yami. Ungitshele ukuthi ngingaKuthinta; ubungumPristi oMkhulu. Ngiyeza ngizoKuthinta. Ake ngithinte nje, Nkosi."

Into ethize ibambelelisa okwehange emuva, yathi, "Ukutholile."

"NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKubonga, Mnumzane, Msindisi wami. Ngiyakukholwa."

Ungalinge uyishiye leyo ndawo yakho omiselwe yona. Ingeyakho.

161 Khona-ke uma Evukile, Ubengenza into efanayo namhlanje uma Ephila na? Uyakholwa ukuthi Uyaphila na? "Ngoba

Ngiyaphila, nani niyaphila." Khona-ke Uyaphila. Khona-ke, uma Ephila, khona-ke Uyofana njengoba Wayehlale enjalo. Ngabe kunjalo na? Manje, kholwa.

162 Manje, unga . . . Manje, ngizokutshela nje, bheka e, ngakimi, kodwa angiqondile lokho ngendlela e . . . Ngikusho ngendlela njengoba uPetru noJohane basho endodeni esangweni, "Sibheke." Niyabo? Lokho kusho ukuthi, lalela engikushoyo. Niyakholwa ukuthi nginitshele iqiniso.

163 Ake sihlole lento futhi sibone ukuthi ilungile yini. "Hlolani zonke izinto," iBhayibheli lasho. Ngeke ngiMenze akwenze, kodwa Wethembisa ukukwenza. Yilapho engikubamba khona. Wethembisa ukuthi Uyokwenza. "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza. Okholwa yiMi . . ." Futhi uNkulunkulu uyazi ngikholwa ukuthi ngangiseKalvari eminyakeni edlule. Ngikholwa ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe, futhi uyakukholwa nawe.

164 Ukuba bengingamphulukisa lowomntwana, bengiyokwenza. Kodwa ngikutshelile (Umntwana wakho na?) angeke ngikwazi ukumphulukisa. Futhi ukuba uJesu ubemi lapha egqoke lesudu, naYe ubengeke. Ubezokubuza ukuthi ungalikholwa yini leliZwi kulobubusuku, "Ngemivimbo yaKhe *na*philiswa nina."

Uthi, "Anginakho ukukholwa okungako, Mfowethu Branham."

165 Ngabe niMzwile ethi uma unokukholwa okungangembewu yesinaphi na? Ukukholwa kwembewu yesinaphi ngeke kwenze isimangaliso. Kodwa uma uzobambelela kukho, kuzokukhipha. Mm? Vele ukubambelelise okwehange. Yilokho kuphela.

Ukukhonkobala, uma uzokholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyisindisa, Uzokwenza. Uzokukholwa na? Uzokwamukela na? Nkulunkulu, siphe khona.

166 Wena, unethambo eliphukile emhlane. Angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa yilokho okungalungile. Angikwazi ukukuphulukisa, kodwa awukwazanga ukufihla impilo yakho. Uyakwamukela na? Uma Ayazi ukuthi yini eyayingalungile ngowesifazane, uma Ayazi ukuthi yini eyayingalungile lapha nalapho, Useyinto efanayo. Uyakukholwa na? Uyakwamukela na?

167 Kuthiwani ngawe, nenekazi? nokuqina kwemithambo okuphindeke kaningi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa kukho na? Manje, ungaba nofehlane nanoma yini. Impilo yakho, awukwazanga ukucasha. Uyakukholwa, ngokuba Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zakho, ngemivimbo yaYo uphilisiwe wena. Uyakukholwa na? Yilokho impela Akusho.

168 Indoda ehlezi ngapha ekhoneni, ihlushwa yinkathazo yesisu, inokulakanyana ngakho. Ayiveli lapha; ingeyaseTexas. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi na? Angikwazi.

Bekungakusiza yini, ukuba uNkulunkulu ofanayo obengathi, "Igama lakho unguSimoni"? Mnu. Summons, manje ungabuyela eTexas futhi uphile enkathazweni yakho yesisu, uma ukukholwa.

169 Kukhona indoda ehlezi lapha, ekhathazwa yisifo esiphathelene namankanka. Angiyazi, angikaze ngiyibone. IngeyaseShreveport. Mnu. Wallace, uyakholwa na? Ingabe kuyiqiniso lokho na? Phakamisa isandla sakho. Ukukholwa kwakho kuyakuphilisa, uma uzokukholwa.

170 Inenekazi elihlezi emuva lapha, lineqhubu. Linomntwana onalokho kuvimbela. Angilazi. Angikaze ngilibone. Kodwa aliveli lapha. Kodwa liyangikholwa futhi liyakholwa yizwi engilikhulumayo. Livela e-Arkansas, livela eHope, e-Arkansas. Igama lalo nguNkk. Jackson. Uyakukholwa, nenekazi na? Hamba futhi uphulukiswe.

171 Lokho kushaye kude, le ngemuva kwesakhiwo, inenekazi elinomfana omncane ongakwazi ukufunda esikoleni. Nalo aliveli lapha. Livela eMississippi. Nkosazana Stringer, kholwa ngenhliziyo yakho yonke, futhi umfana omncane uzosinda. Ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka.

172 Owesifazane osekhulile omncane ohlezi khona lapha, unomdlavuza, efa. Minnie, uyakholwa ukuthi uzophulukiswa na? Kholwa eNkosini. Ngikuphonsela inselelo ukuba ukukholwe.

UMnu. Grigsby, ovela esibhedlela ene-TB, kholwa ngenhliziyo yakho yonke. Phulukiswa.

Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami, njengoba ngazi.

173 Kuyini na? Bheca igama lakho. Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina. Uyakukholwa na? Khona-ke nguBukhona baKhe. Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Manje-ke uma Engakwenza lokho, kufakazisa ukuthi Ulapha neZwi laKhe. Manje, iziphambeko zethu ngobuqotho zithethelwe. Ububi bethu sebuhambile. Sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu. Imivimbo yaKhe iyasiphulukisa. Uyakufakazisa kithi; sithethelelwe.

Yina Ayenzayo na? Khetha lobo buqotho. Mbhekisise lowo muntu ebambelelisa okwehange esiphambanweni. Vakashela lababantu, noma ngabe bekungubani.

Ngibona omunye. Qhubeka nje ukholwa.

174 Ake nginibuze okuthize. Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Bangaki abakholwayo na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye uma uyikholwa. Ungumntwana waKhe njengoba nami nginguye.

175 Kuyini na? Kungukuqinisekisa ukuthi Ulapha. O, singeze yini ngobuqotho manje, emva kweZwi laKhe, emva koBukhona baKhe na? Yilowo impela uNkulunkulu ozokwahlulela ngosuku lokwahlulela.

176 O Nkulunkulu, yiba nomusa kulobubusuku. Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi uMoya oNgcwele obusisiweyo, uKristu ophilayo, hhayi isithombe, hhayi umuzi, hhayi isiko, kodwa uKristu ophilayo ovusiwe kwabafileyo, ehlonipha iZwi laKhe lapho Lishunyayelwa ngamandla eGazi laKhe, nokuvuka kwaKhe.

177 Lawa ngamakholwa. Umyalo wokugcina, Wena wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Nkosi Jesu, ngiyakhuleka kanye nabo. Ngisesiphambanweni. Basesiphambanweni. Sinakho konke esihlanganyela kukho. Nali iGazi likaJesu Kristu. Nansi iNdodana kaNkulunkulu inathi, iZifakazisa ukuthi ilapha. Sibeka izandla zethu phezu komzimba waKhe ovevezelayo. Siyakwamukela ukuphulukiswa kwethu.

178 Futhi manje, Sathane, siyakuyala eGameni likaJesu Kristu, phuma lapha futhi ushiye lababantu ukuze bahambe futhi basindiswe ngamandla ekuvukeni kukaJesu Kristu.

179 NgiyaMkholwa. Ake sikusho ndawonye. NgiyaMkholwa. NgiyaMamukela. Manje, biza igama lakho. Ngemivimbo yaKhe. . .Kusho kanye nami. Ngemivimbo yaKhe (manje igama lakho) uWilliam Branham waphulukiswa. Sekuphelile. Kufeziwe. UNkulunkulu owenza isithembiso ulapha ukuqinisa isithembiso.

180 UJesu wathi, "Njengoba uBaba waNgithuma, nami Ngiyanithuma." NoNkulunkulu owaMthuma wayenaYe futhi ekuYe. Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi yaKhe, ningaNgikholwa." Futhi uma Nginganitsheli iqiniso, Angeke akusekele. Kodwa uNkulunkulu owathuma abafundi baKhe, uwuthumele lomnyakazo kaNkulunkulu ezweni. Unakho ukufakazisa ukuthi Unakho. Zona impela izibonakaliso ezethenjiswa ziqinisekisa uBukhona baKhe. SiseBukhoneni bukaJesu Kristu.

181 Ngiyakwemukela ukuphulukiswa kwakho. Ngiyakwamukela. Anginendaba ukuthi kwenzekani manje. Angibhekile lokho. Ngibheke ekukholweni kwakho okugxiliswe okwehange ngaleya, kugxiliswe okwehange esiphambanweni, lapho obeke khona isandla sakho emhlatshelweni wakho. Hamba ukukholwe. Uzofanele uphile.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
> Ngoba Wang'thanda kuqala

Gcina isandla sakho eMhlatshelweni wakho manje.

Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Ake sime manje.

Ngi . . .

Phakamisani izandla zenu nezinhliziyo zenu manje.

Ngi . . . (UMthandelani na?) . . . thanda (UMhlatshelo wakho, iNhlawulo yethu),
. . . ngoba . . . thanda kuqala . . . (Yini Ayithe- . . .? Ukukhululwa kwakho ngokuphelele manje.)
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Ng'yathanda . . . (O, angikwazi nje ukuyeka ukulicula ngandlela thize.)
. . . ngoba . . . wang'thanda kuqala,
Wang'thengel'insindiso
E . . .

182 Ucabangani ngalokho, ndodana na? Uyakukholwa na? Uyakholwa ukuthi inkathazo endala yesisu izokushiya na? Hhe? Ifindo esiswini lizohamba na? Kulungile. Lizokwenza.

Ngi . . . Ngi . . .

Kulungile, nsizwa.

Nkosi Jesu, siphe ukuphulukiswa kwalababantu, nalamaduku, eGameni likaJesu . . . ? . . .

